# UKUBHALISELA UKUXOLELWA KUNTELO YEZIMPAHLA EZITHELEKISWAYO

## Ubhalisa kanjani njengoMkhiqizi ngokuxolelwa kuntelo yezimpahla ezithelekiswayo?

Namuphi umuntu osebenzisa izimpahla ezithelekisiwe ekukhiqizeni, ekulungiseni, ekuqedeleni, imishini noma ukupakishwa kwanoma yiziphi izimpahla ezizothelekiswa angafaka isicelo sokubuyiselwa intela yoMnyango wokuThelisa ekhokhwe ngesikhathi lezo zimpahla zithelekiswa inqobo uma lowo muntu ebhalisile ngokweSheduli 5.

Umfakisicelo kumele ahlinzeke ngeminininingwane yalokhu:

- Yohlobo yezinto ezithelekisiwe ezizosetshenziselwa ukukhiqiza ezinye izimpahla noma izinto;
- Uhlobo lwezimpahla noma izinto ezizokhiqizwa zisuselwa kulezi zinto ezithelekisiwe; kanye
- Nendlela ezosetshenziswa ukufakazela isicelo sokuxolelwa kuntelo yezimpahla ezithelekisayo (bheka imibhalo kuSheduli 5 Ingxenye 1).

Amadokhumenti - ukuthunyelwa kwesicelo sokukhokhelwa intelo exolelwe yezimpahla ezithelekiswayo kanjalo nendlela efanele yokufaka isicelo sokukhokhelwa intelo exolelwe yezimpahla ezithelekiswayo kuchaziwe kunqubomgomo yangaphandle ngezimali ezibuyiswayo kanjalo nokuxolelwa kuntelo yezimpahla ezithelekiswayo i-refunds and drawbacks external policy.

**Drawback items 501.00 kuya ku-521.00**

- Gcwalisa ifomu lokufaka isicelo elidingekayo kanye nesithasiselo/zithasiselo ezifanele.
- Thumela wonke amadokhumenti eseka isicelo njengoba ushiwo kumafomu okufaka izicelo.

## Imaphi amafomu adingekayo kuMkhiqizi ukubhalisela ukuxolelwa kwentelo yezimpahla ezithelekiswayo?

- DA 185 - Application form: Registration/Licensing of Customs and Excise Clients
- DA 185.4A10 - Registration Client Type 4A10 – Manufacturer ITO Drawback items 501.00 to 521.00

## Atholakalaphi amafomu okubhalisela ukuxolelwa kwentelo yezimpahla ezithelekiswayo

Amafomu okufaka isicelo ayatholakala ngenhla.

## Uwathumelaphi amafomu?

Amafomu ezicelo kumele athunyelwe ehhovisi eliseduze loMnyango wokuThelisa.

**Isungqangi:** Ezinye izinto zokuxolelwa kwentelo yezimpahla ezithekeliswayo zingase zidinge ukubhaliswa njengokubekiwe kuSheduli 5. Ngeminye imininingwane ngokubhalisa, ungabheka enqubweni ebizwa nge-Registration, Licensing and Designation external policy.